

Vuk'uzenzele



Produced by Government Communications (GCIS)

English\isiZulu

| Nhlaba 2018 Ushicilelo I

Land claim reaps rewards

A KWAZULU-NATAL (KZN) community will soon be enjoying the rewards of a successful land claim that they have turned into a private game reserve.



■ The Mayibuye Game Reserve has already created jobs and will ensure that the wildlife economy thrives.

Hlengiwe Ngobese

The first black-owned private game reserve is on the cards for KZN, thanks

to a R15 million government investment to the Mayibuye Community Trust.

The word mayibuye, which means to return in isiZulu, is also the name of the 5

581-hectare Mayibuye Game Reserve which is located between Pietermaritzburg and Durban.

The land being returned to the community was taken via forced removals in 1963,

which saw 445 people lose their homes.

Chairperson of the reserve, Welcome Maphanga said the community was relocated to

● **Cont. page 1**



Science powers education

Page 7



Youth say YES to employment

Page 8



ALSO AVAILABLE ON:



@VukuzenzeleNews

f Vuk'uzenzele

Websites: www.gcis.gov.za

www.vukuzenzele.gov.za

E-mail: vukuzenzele@gcis.gov.za

Tel: (+27) 12 473 0353

Free Copy

“There can be no greater gift than that of giving one’s time and energy to help others without expecting anything in return.”

Nelson Mandela



Intsha iyalisekela uhlelo lwe-YES

ICEBO LIKAHULUMENI elihlose ukuhlinzeka intsha eyisigidi engasebenzi isipiliyoni somsebenzi okhokhelwayo.

UMasego Temane unentokozi enkulu yokuthola isipiliyoni somsebenzi, esihambelana neziqo zakhe ze*Diploma ye-Human Resource Management*, njengombambiqhaza Ohlelweni Lokuqashwa Kwentsha (i-YES).

I-YES, esanda kwethulwa nguMongameli Cyril Ramaphosa, ihlose ukulungiselela abantu abasha umsebenzi kanye nokubahlinzeka ngamakhono emicikilisho edingekayo ukuze kwakhiwe umnotho othuthukisa izimboni.

UTemane uyachaza ukuthi emva kokuphuthula iziqu zakhe ngowezi-2016 akakwazanga ukufaka izicelo zomsebenzi ngoba wayengenaso isipiliyoni somsebenzi esifanele.

“Kwakulukhuni kakhulu ukufuna umsebenzi ngaphandle kwesipiliyoni. Ngenhlanhla ngenkathi ngihlangana nabakwa-Lulaway Recruitment Agency abase-

benzisana nohlelo lwe-YES, banginikeza ithuba lokuthola isipiliyoni emsebenzini.”

Uhlelo lwe-YES umzamo ohlanganyelwe kahulumeni, abasebenzi kanye nabambhizinisi ukuze bahlinzeka ngamathuba esipiliyoni somsebenzi akhokhelwayo entsheni yaseNingizimu Afrika eyisigidi kulesi sikhathi seminyaka emithathu ezayo.

Ucwaningo oluqhutshiwe ngababambiqhaza luveza ukuthi unyaka nje owoodwa wesipiliyoni somsebenzi ku-CV, nencwadi ewubufakazi ngamakhono nolwazi lomuntu (i-reference letter), kwenyusa amathuba okuthola komuntu umsebenzi ngokuphindwe kathathu.

UTemane wengeze ngokuthi uyawuthanda umsebenzi wakhe, ikakhulukazi ngoba uphinde athole ithuba lokubathole imisebenzi njengo-

ba phela enza umsebenzi njengemfundamakhwela eqasha abantu.

Ekwethulweni kohlelo lwe-YES uMongameli Ramaphosa waboniswa abantu abasha bokuqala abayi-100 abazoqashwa ngalolu hlelo ngabakwa-ABSA, Investec, Netcare, Sasol nabakwa-Unilever.

“Sibona leli cebo njenge nsika eyodwa ewumzamo kazwelonke obanzi nodidiyelwe ukuze kudalwe amathuba kubantu abasha. Enye insika ukuthuthukiswa kwamakhono nolwazi lwabantu abasha,” kusho uMongameli Ramaphosa.

Ucele abamabhizinisi asemancane ukuba nabo badlale eyabo indima njengoba benabantu abaningi ababaqashayo waphinde wathi amabhizinisi amakhulu akakwazi ukumathatha intsha eyanele wodwa.

Ngokusho kweSikhulu esiPhethe (i-CEO) i-YES uTashmia Ismail-Saville, phaka-

thi kwabantu abayizigidi ezili-15.5 eNingizimu Afrika abaneminyaka ephakathi kweyi-18 nengama-34, abayizigidi eziyi-5.8 abasebenzi.

“Uhlelo lwe-YES luhlose ukunikeza leyo ngxenye yabantu abasha baleli, abanganakwa kakhulu yimigomo yamanje yokuqasha ezweni, ithuba lokuqala elibalulekile lokuzusa isipiliyoni somsebenzi weqophelo eliphezulu, okhokhelwayo,” kusho u-Ismail-Saville.

Umhuhiso owengeziwe kwabamabhizinisi asemancane, labo abaqasha abantu abasha abaneminyaka yobudala ephakathi kweyi-18 kuya kwengama-29, bazofaneleka Izaphulelo Zentela Zokuqasha ezilingana ne-R1 000 ngenyanga.

Abantu abasha bohlelo lwe-YES kufanele babe:

- Neminyaka yobudala ephakathi kweyi-18-nengama-34.

- Ukuthi bebangasebenzi isikhathi sezinyanga eziyisithupha.
- Abantu abamnyama (Owomdabu, Oyikhala-di noma oyiNdiya).
- Uma kwenzeka izinkampani zifuna ukufaka isicelo seSaphulelo Sentela Sokuqasha, intsha kufanele kube ineminyaka yobudala ephakathi kweyi-18 nengama-29.

Ingabe izohola malini le ntsha?

Umholo kulindeleke ukuthi ulingane nezinga leholo eliphansi likazwelonke lezi-3 500 zamarandi ngenyanga, okubandakanya ukuqeqeshwa nokwesekwa okuzohlinzekwa. Izindleko ezilinganiselwe ngonyaka yizi-55 000 zamarandi. **V**

Ukuze uthole ulwazi oluthe xaxa vakashela lapha: www.yes4youth.co.za

I-Ningizimu Afrika kungenzeka ibe nolimi olusemthethweni olusha

ABAHOLI BENDABUKO banendima ebululekile okufanele bayidlale ukuze kwakhiwe izwe elingenabubha, ukuntuleka kwemisebenzi kanye nokuphathwa kwabantu ngokungalingani.

Neo Semono

IKhelobedu ingaphelinduka ulimi lwe-12 olusemthethweni eNingizimu Afrika ngokuhambisana nohlelo lokubuyisela isithunzi sabaholi bendabuko.

UMongameli Cyril Ramaphosa wenze lesi simemezelo ngesikhathi sokugcotshwa kweNdlovukazi yesizwe saBalobedu eNkundleni yezemidlalo iMokwakwaila eBolobedu, eGa-Modjadji eLimpopo.

IKhelobedu ulimi olukhulunywa uhlanga lwaBalobedu iNdlovukazi Yemvula yaBalobedu eneminyaka eyi-13, uMasalana-bo Modjadji, ezobabusa lapho isineminyaka eyi-18, emva kokubekwa njengeNdlovukazi Modjadji wesi-VII.

Uzothweswa iziqu nje-

ngokwezinqubo namasiko aBalobedu.

“Le yinqubekelaphambili eyingqophamlango wangempela uMama Winnie Madikizela-Mandela obengaziqhenya ngawo. Lesi yisihlalo seNdlovukazi sokuqala nokuwukuphela kwaso ezweni nasezwenikazi lonkana,” kusho uMongameli Ramaphosa.

UMongameli Ramaphosa uphinde waqinisekisa ukuzibophezela kukahulumeni ekubuyiselweni kwesithunzi nenhlonipho kubaholi bendabuko.

Isihlalo seNdlovukazi yaBalobedu saqala ukwaziwa ngokusemthethweni ngoNdasawazi-2016 emva kokuba iKhomishani Yezicelo Nezingxabano Zobuholi Bendabuko (i-CTLDC) iqhube ucwaningo odabeni lwaBalobedu, njengokwezicelo

ezaletshwa phambi kwe-CTLDC.

“Uhulumeni uzibophezele ekuphumeleliseni imibandela yeSahluko 12 soMthethosisekelo, ikakhulukazi ukubuyiselwa kwesithunzi sobuholi bendabuko bonkana entandweni yeningi labantu ehambisana noMthethosisekelo,” kusho uMongameli Ramaphosa.

Uthe ukwaziswa kwesihlalo seNdlovukazi eNingizimu Afrika kukhombisa ukuzibophezela emgomweni nokwaziswa kokuphathwa ngokulingana kobulili bonke, ngale nkathi kube kwaziswa nendima yobuholi edlalwa ngabesifazane kuzo zonke izingxenye zemipilo.

“Abaholi bendabuko banendima ebalulekile okufanele bayidlale uku-

ze kwakhiwe izwe elingenabubha, ukuntuleka kwemisebenzi nokuphathwa kwabantu ngokulinganayo. Abaholi bethu bendabuko badinga ukuba phambili kulo mzabalazo wokubuyisela amalungelo nesithunzi kubantu bethu.”

Uqhubeke wagcizelela ukubaluleka kwendima edlalwa ngabaholi bendabuko ekubuyiselweni umhlaba kubanikazi abafanele.

“Badinga ukuqinisekisa ukuthi umhlaba ubuyiselwa kulabo abawusebenzayo kanye nokuthi labo umhlaba obuyiselwe kubona banezindlela zokuwusebenza,” kusho uMongameli Ramaphosa.

Balinganiselwa ezigidini ezingama-25 abantu abahlala ezindaweni zasemakhaya ababuswa ngabaholi bendabuko. **V**

Ingabe bewazi?

- Isizwe saBalobedu sathinteka lapho ngonyaka we-1972 owayeyiNdlovukazi Yemvula ngaleso sikhathi iNdlovukazi Makoma Modjadji ephucwa amandla akhe nesikhundla wehliselwa ekubeni yinduna nje.
- Izigodi nezinduna ngaphansi kokubusa kwakhe zadidiyelwa zafakwa ezindaweni zaseLebowa naseGazankulu nokwaholela ekutheni kubhidlizwe amasiko anothile omlando wendlovukazi osukela eminyakeni engama-400 edlule.